



# education

---

Department:  
Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

**NATIONAL  
SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**EXEMPLAR 2008**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: AMAHORA AMABILI NESIGAMU (2½)**

**LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYISI-6.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:  
  
ISIQEPHU A: Indaba (50)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imilayezo (20)
3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C.
4. Mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.
5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.
6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.
7. Ubungako balo msebenzi buhamba kanje:  
  
ISIQEPHU A: Bhala indaba enamagama angama-200 – 250.  
Khumbula ukuthi ufanele ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.  
ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa umyalezo ube namagama angama-80 – 100.  
ISIQEPHU C: Umbhalo omfushane odlulisa umyalezo, mawube amagama angama-50 – 70.

+

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale indaba engamagama angama-200 kuya ku-250.

Ungakhohlwa ukwenza uhlaka (plan) lwendaba yakho.

- 1.1 Kuliqiniso yini ukuthi abantu abakhule ngaphansi kwezimo ezinzima yibona abaphumelelayo kunalabo ababusayo? [50]

**NOMA**

- 1.2 Ukubaluleka Kokuzivocavoca.

Sebenzisa isihloko esingenhla ukubhala indaba lapho uchaza khona ngokuthi kubaluleke ngani ukuvocavoca umzimba wakho. [50]

**NOMA**

- 1.3 Ukuba ngangazi ngangingeke ngiyigibele leya moto. Bhala indaba uxoxe ngezigidaba ezenzeka kuwena ngenkathi ugibele leyo moto. [50]

**NOMA**

- 1.4 Lesi sithombe siveza amaqiniso esesibhekene nawo mayelana neqhaza elifanele libanjwe ngokubambisana kwabazali ekukhulisweni kwengane.





**NOMA**

- 2.3 Uceliwe uMhleli wephephabhuku i-Bona ukuba ubhale isiqeshana kanye ngesonto weluleke intsha. Bhala isiqeshana (**i-athikili**) weluleke intsha ngokubaluleka kokudla ukudla okunempilo. [30]

**NOMA**

- 2.4 Uzuze indondo yegolide ku- "Comrades Marathon" kulonyaka. Ikilabhu oyigijimelayo ikwenzele umcimbi wokukuhalalisela. Bhala **inkulumo** yakho ozoyethula kulo mcimbi. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-50 – 70.

- 3.1 Ungumgqugquzeli Wezokuvakasha nokuNgcebeleka. Umeme umculi wodumo ohlala phesheya ukuba azoba nekhonsathi ngempelasonto edolobheni lakini. Bhala **iphosta** ezoheha abathandi bomculo ukuba batheleke ngobuningi babo. [20]

**NOMA**

- 3.2 Kuzobe kuvulwa itshe likadadewenu owashona (usisi wakho) ngenyanga ezayo. Bhalela umngani wakho **ikhadi lesimemo** ummemele kulo mcimbi. Bhala konke okufanele akwazi ngawo. [20]

**NOMA**

- 3.3 Ube nenhlanhla yokumenywa isikole esiphesheya kwezilwandle. Kuningi okubonile nokufundile ngosuku lokuqala nje ufikile. Bhalela umngani wakho **iphosikhadi** umtshele ngalokho okufundile. [20]

**NOMA**

EXAMINATION NUMBER: .....

CENTRE NUMBER: .....

3.4 Gcwalisa leli fomu elilandelayo.

**UMNYANGO WEZANGAPHAKATHI (DEPARTMENT OF HOME AFFAIRS)**

Ukufaka isicelo sepasipoti laseNingizimu Afrika noma incwadi yokuhamba amazwe.

**IMININGWANE YOKUFAKA ISICELO**

Isibongo: \_\_\_\_\_

Amagama ngokugcwele: \_\_\_\_\_

Isimo somshado: Angishadile  Ngishadile Ubulili: Owesilisa  Owesifazane Usuku lokuzalwa: 

d	d	m	m	y	y	y	y
---	---	---	---	---	---	---	---

Inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

Izwe ozalelwe kulo: \_\_\_\_\_

Idilesi yokuposa: \_\_\_\_\_  
\_\_\_\_\_  
\_\_\_\_\_

Ikhodi: \_\_\_\_\_

Ucingo lwasekhaya nekhodi: \_\_\_\_\_

Ucingo lwasemsebenzini nekhodi: \_\_\_\_\_

Wake wafaka isicelo sepasipoti kwelinye izwe na?  Yebo  Cha

Uma uthe yebo, gcwalisa le mininingwane:

IZWE	INDAWO ESATHOLAKALA KUYO	INDLELA ESATHOLAKALA NGAYO	USUKU

Usuku: \_\_\_\_\_ Ukusayina: \_\_\_\_\_

**[20]****AMAMAKI ESIQEPHU C: 20****AMAMAKI ESEWONKE: 100**